

ISITATIMENDE SABEZINDABA: UKUSHUSHUNJISWA KUKAGWAYI - EMNGCELENI I-BEITBRIDGE – 20 KUNHLABA 2023

Tshwane, 20 kuNhlaba 2023 - IHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ngaphansi koPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngoMgibelo mhla zingama-20 kuNhlaba 2023 libambe iloli ebelithwele amabhokisi amakhulu angama-440 ogwayi i-Remington Gold, wenani elilinganiselwa ku-R9 million, ayedalulwe njenge-*Cotton Oil Cake*.

Isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ebelihlola ngokungahleliwe sibe nezinsolo uma sibona ukuthi inani lezimpahla ezidaluliwe kudokhumenti uma liqhathaniswa nomthwalo oselolini akuhambisani. Kuthe uma umshayeli ephoswa imibuzo, wanikeza izimpendulo ezingahambisani nalokhu okukudokhumenti. Ube esekhomba iloli ukuba liye lapho ehlolwa khona sathulula umthwalo nokulapho sithole khona izimpahla zifihlwe ngaphansi kwe-*Cotton Oil Cake*.

Iloli nezimpahla kwaboshwa kwase kuyiswa kusigcinampahla sakwaSARS. Umsolwa/umshayeli waboshwa wase enikezelwa emaPhoyiseni.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uncome izisebenzi ngokuzinikela kwazo ekuvikeleni umnotho wezwe. Uthe “USARS ngokwenza okuvumelana nesu lokuphokophelwe lokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela nabahwebi abakhwabanisela umbuso kuzobhekwana nabo ngaphandle kozwelo. USARS usebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelela umthetho bazimisele ngokulwa nobugebengu nokungathobeli imithetho yezwe yokulawulwa kwempahla emngceleni”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za

Bheka izithombe ngezansi!



